ISAHLUKO 12

ABAHOLI BENDABUKO

Ukuvunywa

211. (1) Isikhungo, izinga kanye neqhaza elibanjwa ngubuholi bendabuko, njengoba kubekwa ngumthetho wamasiko, kuyavunywa, kuphela uma kuhambisana noMthethosisekelo.

(2) Umbuso wendabuko olandela uhlelo lomthetho wamasiko ungasebenza kuphela ngokwanoma yimuphi umthetho osetshenziswayo kanye namasiko, ombandakanya ukuchibiyelwa noma ukuqedwa kwalowo mthetho noma amasiko.

(3) Izinkantolo kufanele zisebenzise imithetho yamasiko uma lowo mthetho kuyiwona usebenza, kuye ngokoMthethosisekelo kanye nanoma yimuphi umthetho ophathelene ngqo nomthetho wamasiko.

Iqhaza eibanjwa ngabaholi bendabuko

212. (1) Umthetho kazwelonke ungahlinzekela iqhaza lobuholi bendabuko, njengesikhungo ezingeni lendawo ezindabeni ezithinta imiphakathi yendawo.

(2) Ukuze kubhekanwe nezindaba eziphathelene nobuholi bendabuko, iqhaza labaholi bendabuko, umthetho wamasiko kanye namasiko emiphakathi elandela uhlelo lomthetho wamasiko –

(a) umthetho kazwelonke noma wesifundazwe ungahlinzekela ukumiswa kwezindlu zabaholi bendabuko; futhi

(b) umthetho kazwelonke ungamisa umkhandlu wabaholi bendabuko.